

# NALIBALI

## Creating future readers!

Have you ever wondered why people say that it is important to read to children who are not yet at school? Well, because it will expand their minds and make their hearts sing! Read with your 3 to 6 year olds regularly and you will witness just how much they learn and what they can do with books! Here are some ideas for sharing books with them.

## Ukwenza abafundi bakusasa!

Uke wazibuza nje ukuthi kungani abantu bethi kubalulekile ukufundela izingane ezingakangeni esikoleni? Hhayi-ke, phela yingoba kuzonweba imiqondo yazo futhi kwenze izinhliziyi zazo zicule! Funda njalo nje nezingane zakho ezineminyaka emi-3 kuya kweyisi-6 ubudala, bese uzibonela ukuthi zifunda kangakanani nokuthi zingenzani ngezincwadi! Nanka amanye amasu okwabelana nazo ngezincwadi.

### WHICH BOOKS TO CHOOSE

- ★ Introduce your children to as wide a variety of books as possible. Share books by the authors that they most enjoy, but introduce them to new authors too.
- ★ Repeat children's favourite stories as often as they ask for them! As they get to know the stories better, invite them to read along with you. Suggest that they "read" (recite) repeated phrases and sentences like, "I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down" or "Trip, trap, trip, trap".
- ★ Set aside a special time each day when you can enjoy books together. Choose books that you like, as well as ones that you think will be of special interest to your children. And, of course, also make time to read the stories that your children choose themselves.

### YIZIPHI IZINCWADI ONGAZIKHETHA

- ★ Yazisa izingane zakho ngezincwadi eziningi ezinhlobonhlobo ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo. Yabelanani ngezincwadi zababhali izingane ezizithokozele kakhulu, kodwa uzazise nababhali abasha futhi.
- ★ Phindani izindaba ezithandwa izingane kaningi ngendlela ezizicela ngayo! Uma ziya ngokuzazi kangcono izindaba zimeme ukuthi zifunde kanye nawe. Yenza isiphakamiso sokuthi "zifunde" (ziphinde) ziphinde izisho kanye nemisho efana nokuthi, "Eh'amathambo ebheke ezansi, enyuka amathambo ebheke phezulu" noma "Ucabhayiyane co, co".
- ★ Beka isikhathi osukwini ngalunye lapho nizothokozela khona isikhathi ndawonye. Khetha izincwadi ozithandayo kanye nalezo ocabanga ukuthi zizothandwa yizingane zakho. Senze phela nesikhathi sokufunda izindaba ezikheithwe izingane zakho uqobo lwazo.



Make stories come alive for your children! Read with as much expression as you can. You may feel a little odd about doing this in the beginning, but your children will appreciate it!

Yenza izindaba zihlabe umxhwele ezinganeni zakho! Funda ngokukhombisa imizwa ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo. Kungenzeka ukuthi ungazizwa kahle ngokwenza lokhu ekuqaleni kodwa izingane zakho zizokuthanda!

### Ask questions

- ★ Read the title of the book and the name of the author and illustrator each time you read. The first time you read a book with your children, also ask them if they can guess what the book might be about by simply listening to the title and looking at the illustration on the cover.
- ★ Being able to guess what comes next is a skill competent readers use all the time. As you read a story with your children, develop their prediction skills by asking, "What do you think will happen next?" at different points in the story.
- ★ Deepen your children's understanding by asking, "What does that remind you of?", "Why do you think he did that?" and "What would you have done?" These kinds of questions connect stories to children's lives and help them to discover how stories work – both of these are essential for literacy development.

### Buza imibuzo

- ★ Funda igama lenchwadi, lombhali kanye nelomuntu odwebe izithombe njalo uma ufunda. Uma uqala ukufunda incwadi nezingane zakho zibuze futhi ukuthi ngabe zingaqagela yini ukuthi ngabe imayelana nani ngokulalela igama layo nangokubheka isithombe esisekhaveni.
- ★ Ukwazi ukuqagela ukuthi kuzokwenzakalani ngesikhathi ufunda kuyikhono abafundi abakwazi ukufunda abalisebenzisa ngaso sonke isikhathi. Ngesikhathi ufundela izingane zakho indaba thuthukisa lawa makhono okuqagela ukuthi kuzokwenzakalani ngokubuza ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi kuzokwenzakalani?" ezigabeni ezahlukene zendaba.
- ★ Julisa ukuqonda kwezingane zakho ngokubuza ukuthi, "Ngabe kukukhumbuzani lokho?" kanye nokuthi "Ucabanga ukuthi kungani enze kanjalo?" nokuthi "Ngabe wenzenjani wena?" Lezi zinhlobo zemibuzo zixhuma izindaba nezimpilo ezingane bese zizisiza ukuthola ukuthi zisebenza kanjani izindaba – kokubili lokhu kubalulekile ekuthuthukiseni ukwazi ukufunda nokubhala.



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.

## Nal'ibali news

Each year on World Read Aloud Day, Nal'ibali reminds everyone who lives in South Africa about the benefits of reading aloud to children. You've helped us spread a love of stories and reading to more and more children each year.

When we first started in 2013, you helped us to read to 13 401 children. And this year on 1 February 2019, we reached 1 559 730 children across the country! That's a new record for Nal'ibali and South Africa!

In preparation for World Read Aloud Day we always produce a special story. This year our story was, *Where are you?*, written by Ann Walton and illustrated by Rico. It featured the much-loved Nal'ibali character, Neo. The story was available in all 11 official languages and appeared in our World Read Aloud Day edition of the supplement, as well as on specially designed story cards (with activity ideas and tips on reading aloud) that were given away. Nal'ibali also partnered with Blind SA to produce a version of the story in Braille, and with Sign Language Education and Development (SLED) to make a digital video of it in South African Sign Language. (You can still find *Where are you?* on our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

"Reading a story out loud, shows children the value of books, but also starts discussions, builds bonds between the reader and the audience, and motivates children to learn to read and enjoy books beyond their current reading ability," explained Jade Jacobsohn, Managing Director of The Nal'ibali Trust.

The promotion of World Read Aloud Day began early this year! In the week of 21 January 2019, volunteers together with mascots of some of the Nal'ibali characters, took to the streets in various communities to hand out story cards.

## Izindaba zikaNal'ibali

Onyakeni ngamunye ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, uNal'ibali ukhumbuza wonke umuntu ohlala eNingizimu Afrika ngezinzuzo zokufundela izingane kuzwakale. Usisizile ukuthi sisabalalise uthando lwezindaba nokufundela izingane ezilokhu zanda njalo ngonyaka ngamunye.

Ngenkathi siqala ngqa ngowezi-2013, wasisiza ukuthi sifundele izingane eziyi-13 401. Kanti nonyaka mhla lu-1 kuNhlolanja wezi-2019, sifinyelele ezinganeni eziyi-1 559 730 ezweni lonkana! Lena yingqophamlando entsha kuNal'ibali neNingizimu Afrika!

Ukulungiselela Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale njalo nje sikhapha indaba ekhethekile. Nonyaka indaba yethu ibithi, *Ukuphi?*, ebhalwe ngu-Ann Walton kwathi imidwebo yenziwa nguRico. Ibandakanya umlingiswa othandwa kakhulu kaNal'ibali, uNeo. Indaba beyitholakala ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni futhi yavela oshicilelweni lweithu lwesithasiselo soSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, kanjalo nasemakhadini ezindaba adizayinwe ngokukhethekile (anemibono yemisebenzi kanye namasu ngokufunda kuzwakale) obekuphiswana ngawo. UNal'ibali uphinde wahlanganyela nabakwa-Blind SA ukukhiqiza olunye uhlobo lwendaba ngolimi lwezimpumputhe, kanye nabakwa-Sign Language Education and Development (SLED) ukwenza ividiyo yayo eyidijithali ngoLimi Lwezimpawu lwaseNingizimu Afrika. (Usengakwazi ukuyithola incwadi ethi, *Ukuphi?* kusizindalwazi sethu: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

"Ukufunda indaba kuzwakale, kukhombisa izingane ukubaluleka kwezincwadi, kodwa futhi kuqala izingxoxo, kwakha ukusondelana phakathi komfundi nezethameli, futhi kukhuthaza izingane ukuthi zifunde ukufunda nokuthokozela izincwadi ngaphezu kwamandla azo okufunda ezinawo okwamanje," kuchaza uJade Jacobsohn, uMqondisi onguMphathi kaNal'ibali Trust.

Ukuphakanyiswa kokwaziwa koSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale kuqale ekuqaleni kwalo nyaka! Ngesonto lomhla zingama-21 kuMasingana wezi-2019, abasebenza ngokuzikhethele ngokuhlanganyela nemifanekiso yabanye babalingiswa bakaNal'ibali bagcwala imigwaqo emiphakathini ehluahlukene ukunikezela ngamakhadi ezindaba.



Daniel Born

Over 200 children joined Nal'ibali at the Sandton Library to celebrate World Read Aloud Day.

Izingane ezingaphezu kwama-200 zihlanganyele noNal'ibali eMtsheni Wezincwadi eSandton ukugubha Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.



Daniel Born

The day's events got going with a few songs and games.

Izigigaba zosuku zaziqhubeka ngezingoma kanye nemidlalo okumbalwa.



Daniel Born

Lebohang Masango read the story aloud to everyone.

ULEbohang Masango ufundela wonke umuntu indaba kuzwakale.



Daniel Born

Nal'ibali character, Neo, also joined in the fun.

Umlingiswa kaNal'ibali, uNeo, naye uhlanganyele entokozweni.

Then on 1 February, Nal'ibali's network of partners, schools that are part of our Story Powered Schools project, our Literacy Mentors and FUNda Leaders read the story to children at reading clubs, schools, libraries and community centres across the country. In addition to this, a special event with 200 children from Soweto and Alexandra was held at the Sandton Library in Gauteng. The 2019 Nal'ibali World Read Aloud Day Ambassador, Lebohang Masango, gave a special multilingual reading of *Where are you?* and spoke to the children and accompanying adults about the importance of reading aloud.

"Reading to your children is important because the benefits will follow them for their entire lives. Not only is it great for bonding, but you are also expanding their vocabulary, their knowledge, their imaginations and their ability to confidently express their ideas. Reading is truly the gift that keeps on giving!" she explained.

Everyone had lots of fun singing songs, playing games and listening to the story. Then it was time to go home. And no one went home empty handed! In addition to a packet of snacks and a copy of the World Read Aloud Day story card, each child received a copy of Lebohang Masango's book, *Mpumi's magic beads*, to encourage them to keep reading. It was another fun and inspiring World Read Aloud Day!

Kwathi mhla lu-1 kuNhlolanja, abalingani bochungechunge lukaNal'ibali, izikole eziyingxenywe yephrojekthi yethu ye-Story Powered Schools, aBeluleki beithu Bokufunda Nokubhala kanye nama-FUNda Leaders bafundela izingane indaba emathimbeni okufunda, ezikoleni, emitatsheni yezincwadi kanye nasezikhungweni zomphakathi ezweni lonkana. Ukwengeza kulokhu, umcimbi okhethekile onezingane ezingama-200 eziphuma eSoweto nase-Alexandra ubanjelwe eMtasheni wezincwadi waseSandton eGauteng. Inxusa likaNal'ibali langowezi-2019 loSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, uLebohang Masango, wethula ukufunda okukhethekile okuliminingi kwendaba ethi, *Ukuphi?* wabuye wakhuluma nezingane nabadala abaziphelakezele mayelana nokubaluleka kokufunda kuzwakale.

"Ukufundela izingane zakho kubalulekile ngoba izinzuzo ziyozilandela impilo yazo yonke. Akukhona nje kuphela ukuthi kuhle kakhulu ekwakheni ubudlelwano, uphinde unwebe ulwazimagama lwazo, ulwazi lwazo, ukubona kweso lazo lengqondo kanye namandla azo okwazi ukusho imibono yazo ngokuzethemba. Ukufunda ngempela kuyisipho esihlale siphana!" kuchaza yena.

Uwonkewonke ube nokujabula okukhulu ecula amaculo, edlala imidlalo futhi elalela indaba. Emva kwalokho kwase kuyisikhathi sokuya ekhaya. Akekho-ke owaya ekhaya elengise izandla! Ngaphezu kwephakethe lamasineki nekhophi yekhadi lendaba yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, ingane ngayinye yamukele incwadi kaLebohang Masango, *Ubuhlalu bukaMpumi obunomlingo*, ukuzikhuthaza ukuthi zihlale zifunda. Bekungolunye Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lwenjabulo nolukhuthazayo!



Daniel Born

There was enough time for the children to explore the books in the library.

Kwakukhona isikhathi esanele sokuthi izingane zipenapene izincwadi emitatsheni wezincwadi.



Daniel Born

Everyone went home with lots to read!

Wonke umuntu uphindele ekhaya enokuningi azokufunda!

We did it ...  
**Thank you!**  
Together, on World Read Aloud Day, we read to  
**1 559 730**  
children across South Africa!  
Sikwenze kwenzeka ...  
**Siyabonga!**  
Sindawonye, ngoSuku Lomhlaba Wonke Lokufunda  
Kuzwakale, sifundele izingane eziyisi-  
**1 559 730**  
kulo lonkana elaseNingizimu Afrika!

**WIN! WINA!**

For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Grandpa Farouk's garden* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Isivande sikaMkhulu Farouk* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.

## Story stars



**Melanie Lippert, from Lansdowne in Cape Town, is one of Na'libali's most active FUNda Leaders. We chatted to her to find out more about her role as a reading activist.**

### How did your love for reading and storytelling start?

My first memory of being read to was at the age of 6. I also remember sitting in a neighbour's yard and listening to her tell the most wonderful stories – they were full of character and colour. Now, at almost 50 years old, stories are part of my everyday life. That just shows you how a small but incredible moment can create a love of reading.

### What inspired you to be a storyteller?

It was Na'libali's *Neo and the big, wide world*. (You can read this story in 11 languages if you look under "Multilingual stories" on the Na'libali website and mobisite – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).) Also, reading to my daughter's class at school made me realise that I have a special something, which I wanted to share.

### Why are stories important?


We pass on a little bit of history and of ourselves each time we share a story. Reading to children encourages them to, one day, hold that book and read it for themselves.

### How do you find ways to share stories with others?

I've done lots of different things. In 2016, I took on Na'libali's World Read Aloud Day challenge and I read to as many children as I could at my daughter's primary school. By the end of that month, I had read to over 800 children. During the June school holidays, I lead story sessions and I regularly read to children at the Ottery Community Library. This year I'm also supporting a reading club at a local school and helping to get their library going.

### Why did you become a FUNda Leader?

I became a FUNda Leader in 2016 because I wanted to be part of a group of enthusiastic and passionate people who enjoy sharing their love of stories, reading and creative activities in their communities.



## Abavelele ezindabeni



**UMelanie Lippert, ophuma eLansdowne eKapa, ngomunye wamaFUNda Leaders akwaNa'libali akhuthela kakhulu. Sixoxe naye ukuthola kabanzi ngeqhaza lakhe njengesishosho sokufunda.**

### Lwaqala kanjani uthando lwakho lokufunda nokuxoxa indaba?

Engikukhumbulayo kokuqala kokuthi ngifundelwe, kwakulapho ngineminyaka eyisi-6 yobudala. Ngiyakhumbula futhi ngihleli egcekeni lakwamakhelwane ngilalele exoxa izindaba ezimangalisa kakhulu – zazigcwele izimpawu kanye nemibala. Manje, eminyakeni yobudala ecela kuma-50, izindaba ziseyingxenyeni yempilo yami yansuku zonke. Lokho kuvele kukukhombise ukuthi umzuzu omncane nje kodwa oyisimanga ungakha uthando lokufunda.

### Yini okwakukhuthaza ukuthi ube ngumxoxi wezindaba?

Kwakuyincwadi kaNa'libali ethi, *UNeo nomhlaba omkhulu, obanzi*. (Ungayifunda le ndaba ngezilimi eziyi-11 uma ngabe ubheka ngaphansi kwalokhu: "Multilingual stories" kusizindalwazi noma imobhisayithi kaNa'libali ethi-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) kanye naku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).) Kanti-ke ukufunda ekilasini lendodakazi yami esikoleni kwangenza ngabona ukuthi nginento ethile ekhethekile, engangifuna ukwabelana ngayo.

### Izindaba zibaluleke ngani?

Sedlulisa ingxenyana yomlando kanye noqobo lwethu ngaleso naleso sikhathi uma sabelana ngendaba. Ukufundela izingane kuyazigqaguzela ukuthi, ngolunye usuku, ziyibambe leyo ncwadi bese zizifundela zona.

### Uzithola kanjani izindlela zokwabelana ngezindaba nabanye?

Sengenze izinto eziningi ezahlukene. Ngowezi-2016, ngemukela inselelo kaNa'libali yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngafundela izingane eziningi ngangokwamandla ami esikoleni samabanga aphansi sendodakazi yami. Ekupheleni kwaleyo nyanga, ngase ngifundele izingane ezingaphezu kwama-800. Ngesikhathi samaholide esikole kaNhlanguvana, ngihola imibuthano yezindaba, futhi ngifundele izingane njalo eMtatsheni Wezincwadi Womphakathi e-Ottery. Kulo nyaka ngiphinde ngesekele ithimba lokufunda esikoleni sendawo futhi ngisiza umtapo waso wezincwadi ukuthi uqhubeke.

### Kungani waphenduka waba yiFUNda Leader?

Ngaba yiFUNda Leader ngowezi-2016 ngoba ngangifuna ukuba yingxenyeni yabantu abanentshisekelo nabanothando abathokozela ukwabelana ngezindaba zabo zothando, ngokufunda nemisebenzi yobuciko emiphakathini yabo.



Melanie Lippert (far right) sharing her excitement about the Na'libali Supplement with others.

UMelanie Lippert (ekugcineni ngakwesokudla) wabelana nabanye ngentokozo yakhe ngeSithasiselo sikaNa'libali.

**FUNda**  
LEADER

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

Ungagijima – njengoba nami ngingakwazi!



You can run – just like I can!



This is an adapted version of *The shadow* published by New Africa Books and available in bookstores and online from [www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) and [www.takealot.com](http://www.takealot.com). This story is available in eleven official South African languages and is part of the New African Stories series – a series of beautifully illustrated children's stories collected from across Africa.

Lena yindaba eguquliwe ethi, *Isithunzi* eshicilelwe ngabakwaNew Africa Books futhi etholakala ezitolo zezincwadi nakuzizindalwazi ku-[www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) naku-[www.takealot.com](http://www.takealot.com). Le ndaba itholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanti iyingxenywe yochungechunge okuthiwa Izindaba Ezintsha Zase-Afrika – okuwuchungechunge lwezindaba zezingane ezinemidwebo emihle eziqoqwe e-Afrika yonkana.

**dp davidphilip**  
Trading as **New Africa Books**

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Ungagwawuma.

You can snarl.



## The shadow Isithunzi

*Thembinkosi Kohli  
Zanele Ziqubu*

Unganyakaza.




What is this?

Yini lokhu?

Who are you? And why  
are you following me?  
Ungubani? Futhi  
ungilandelani?



“Don’t be afraid. I am  
your shadow.”



“Ungesabi. Ngiyisithunzi  
sakho.”



“My garden is dying,”  
replied Grandpa.  
“Why?” asked Amir.  
“Look closely,” said Grandpa.  
“Some pests are eating  
the plants.”  
“Isivande sami siyafa,”  
kuphendula uMkhulu.  
“Kungani?” kubuza u-Amir.  
“Awubhekisise,” kusho  
uMkhulu. “Kunezinambuzane  
ezidla izitshalo.”




Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

# Grandpa Farouk's garden

## Isivande sikaMkhulu Farouk

Sam van Riet  
Matthew Kalil  
Nina Lewis



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Uma sebeqedile, bazitika ngesivuno sezithelo.  
Ngelinye ilanga, uMkhulu akazange alidle ipheya lakhe.  
“Kukhona okungahambi kahle?” kubuza u-Amir.



When they finish, they feast on a harvest of fruit.  
One day, Grandpa didn't eat his pear.  
“What's wrong?” asked Amir.

Deep in the city, surrounded by houses  
and bricks and tar, you'll find Grandpa  
Farouk's garden.




“Siyabadinga omanqulwane!” kusho uMkhulu.  
“Bayizilwanyakazana ezidla izinambuzane ezidla izitshalo.  
Ngaphandle komanqulwane, isivande singafa.”  
“Ngizokulethela isilwanyakazana esisodwa noma  
ezimbili,” kusho u-Amir.

“We need ladybirds!” said Grandpa. “They are  
the bugs that eat the pests that kill the plants.  
Without ladybirds, the garden will die.”  
“I'll bring you a bug or two,” said Amir.



From that day on, Grandpa Farouk's  
garden did what gardens should do. It  
grew and grew and grew.

Ukusuka ngalelo langa, isivande  
sikaMkhulu uFarouk senza lokho  
izivande okufanele zikwenze.  
Sakhula, sakhula, sakhula.



Two more at  
the shop.  
Abanye ababili  
ngasesitolo.



Isondo lonke u-Amir wabhaka, wacinga,  
futhi waqoga. Wathola umanqwane  
owodwa enkundleni yezemidlalo.



For a whole week, Amir  
looked and searched  
and collected. He found  
one ladybird on the  
sports field.

The ladybirds were very hungry! They ate  
the pests, and the garden blossomed.

Omanqwane babelambe kakhulu! Badla  
izinambuzane ezihluphayo, isivande saqhakaza.



He helps with the compost, and works  
with his Grandpa all day.  
Usiza ngomquba wemvundela, futhi  
usebenza noMkhulu usuku lonke.

Ekujuleni kwedolobha, elizungezwe  
yizindlu nezitina netiyela, uzothola isivande  
sikaMkhulu Farouk.



U-Amir uvakashela uMkhulu kanye ngesonto.  
Uthanda amaqabunga nezimbali nezilahla.  
U-Amir uyasiza ukuniseka izitshalo.



Amir visits Grandpa once a week. He loves the leaves and flowers and trees. Amir helps to water the plants.

Nabane ngenuva  
kukamabonakude.

And four behind  
the TV.



Abathathu epaki.

Three at the park.




The next week, Amir went to visit Grandpa Farouk, and showed him his jar of ten bugs.

“You’ve done well, oh my boy, you’ve done well,” Grandpa said, with a tear in his eye. Grandpa was very happy.

Ngesonto elilandelayo, u-Amir wahamba wayovakashela uMkhulu uFarouk, wamkhombisa isitsha sakhe esinezilwanyakazana eziyishumi.

“Wenze kahle, hha mfana wami, wenze kahle,” kwasho uMkhulu, enonyembezi esweni lakhe. UMkhulu wayejabule kakhulu.

"I am always with you,"  
said a voice.  
"Ngihlala njalo nginawe,"  
kusho izwi.






... and in the light!"  
... nasekukhanyeni!"

You can move.



Oh, no! No!  
Awu, cha! Cha!





## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *The shadow* (pages 5, 6, 11 and 12), *Grandpa Farouk's garden* (pages 7 to 10) and *The rain bird* (page 14).



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!





Nayi eminye imisebenzi yakho ongayizama. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *Isithunzi* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Isivande sikaMkhulu Farouk* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *Inyoni enisa imvula* (ikhasi le-15).

### Grandpa Farouk's garden

1. Put the pictures from the story in the correct order by writing a number in each circle.
2. Then use the pictures to retell the story, in your own way.
3. Now use some clay, playdough or Plasticine to create your own little garden. Or make a garden using things that you have collected outside, like: soil, small stones, leaves, grass and flowers.

### Isivande sikaMkhulu Farouk

1. Beka izithombe eziphuma endabeni ngokulandelana okufanele ngokubhala inombolo endilingeni ngayinye.
2. Emva kwalokho sebenzisa izithombe ukuphinda uxoxe indaba, ngeyakho indlela.
3. Manje sebenzisa ubumba, inhlama yokudlala noma iPlastisini ukwakha esakho isivande esincane. Noma-ke yenza isivande usebenzisa izinto oziqoqe phandle, njengalezi: inhlathi, amatshe amancane, amaqabunga, utshani nezimbali.



### The rain bird

Use a cardboard toilet roll or paper-towel roll along with paint, kokis, glue, feathers, coloured tissue paper and crepe paper to make the rain bird from the story.



### Inyoni enisa imvula

Nikeza ingane yakho iroli yephepha langasese noma ye-paper-towel, upende, amakoki, iglu, izimpaphe, amathishu anombala noma i-crepe paper, bese uyigquguzela ukuthi yakhe inyoni enisa imvula esendabeni.

Answer/Impendulo: 2, 5, 4, 3, 1

### The shadow

Discuss the story with your children. For example, ask them, "Why do you think the boy was scared of his shadow?", "Are you scared of your shadow? Why/why not?", "Does your shadow follow you everywhere?"

Now go outside with your children and stand in the sun until you can each see your shadow in front of you. Draw the shape of your shadow on a piece of paper and then colour it in black. Have fun looking at each other's shadows and using your imaginations to suggest what real or imaginary things they look like!



### Isithunzi

Xoxani ngendaba nezingane zakho. Ukwenza isibonelo, zibuze, "Nicabanga ukuthi kungani umfana wayesaba isithunzi sakhe?", "Ngabe uyasesaba isithunzi sakho? Kungani kunjalo/kungenjalo?", "Ngabe isithunzi sakho siyakulandela yonke indawo?"

Manje phumani phandle nezingane zakho bese nima elangeni lowo nalowo aze abone isithunzi sakhe ngaphambi kwakhe. Dweba isimo sesithunzi sakho esiqeshini sephepha bese usifaka umbala omnyama. Thokozelani ukubuka isithunzi salowo nalowo, nisebenzise amehlo enu engqondo ukuphakamisa ukuthi izinto zangempela nezicatshangwayo nje zibukeka kanjani!



# The rain bird

Retold by Joanne Bloch ■ Illustrations by Mieke van der Merwe



A little village stood at the edge of a forest. In the heart of this forest, in the highest branches of an enormous tree, lived a very special bird – the bird that made rain. The villagers had always taken the time to keep this bird happy. Every week they would take pieces of bread and fruit, and fresh coconut milk to lay at the base of the tree. Then someone would play a simple tune on the thumb piano and the bird would fly down to the ground to eat and drink. When it had finished, it would raise its dark, shiny blue wings and sing a beautiful song. Within minutes, rain would begin to fall.



For many years rain fell regularly, the crops grew abundantly and there was plenty of food for everyone. But gradually things began to change ... the villagers started to neglect the rain bird. "It will rain anyway," they decided.

But gradually the rain stopped falling. Their crops began to die and their animals grew thin and weak. But still nobody went into the forest to feed the bird that brought the rain – they were all too busy trying to find money to buy food in a neighbouring town.

One day, Ketti went into the forest. She walked and walked until she came to the tall tree in which the rain bird lived. Ketti stared up at the tree, remembering how her granny used to take her into the forest to feed the bird. She took a piece of bread out of her bag and laid it at the base of the tree. Then, because she had no thumb piano, she sang a song.



The rain bird swooped down and began to eat the bread. When it had finished, it sang a few high notes and raised its shiny wings. Then Ketti heard the rumble of thunder and by the time she reached home, giant rain drops were pelting down.

Ketti told her parents what had happened. "Nobody believes in that bird anymore! Don't waste your bread on it!" scolded her mother.

"If only Granny were alive," thought Ketti, "she would have believed me!" But Ketti's granny had died a few years ago leaving Ketti only her old thumb piano.

Two weeks passed, but there was no more rain. "I don't care what they say!" thought Ketti. "We need rain. I'm going to feed the bird again tomorrow!"


Early the next morning, Ketti took a slice of bread and a handful of red berries from the kitchen and made her way to the centre of the forest. But she didn't know that her father was also awake. He realised what his daughter was going to do. "I'll teach that disobedient child a lesson!" he said to himself angrily. He snatched his bow and arrows and silently followed Ketti into the forest.

Just as the bird flew down to eat the food that Ketti had set out for it, her father raised his bow and released its deadly arrow. The arrow flew straight into the bird's heart and it let out a piercing shriek. Terrified, Ketti spun around and saw her father fall to the ground – dead. Looking back at the bird, she saw the arrow fall harmlessly from its body. Then the bird swooped up into the tree.

With a pounding heart, Ketti raced home. Every animal and person she saw on her way lay dead on the ground. At home, she quickly found her granny's old thumb piano. "This is my only hope!" she thought. "The rain bird is angry. I *have* to make it happy again!"

Ketti ran back to the big tree. With trembling hands, she began to play the thumb piano. She played and played, until her fingers hurt. Finally, the bird swooped down, ate some berries and sang a few notes. Then, as Ketti played on, it raised its wings ... Ketti heard a rustle behind her – her father was alive! "I'm sorry!" he said again and again to the big, blue bird. Then he held out his hand to his daughter and they walked back to the village, where all the people and animals were alive again.

That night the villagers held a meeting. They agreed that they had learned a valuable lesson. And from that day onwards, every week one of them makes a special trip to the forest to feed the bird that brings the rain.





# Inyoni enisa imvula

Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch Imidwebo nguMieke van der Merwe



Kwakukhona umuzi owawusekugcineni kwehlathi. Phakathi naleli hlathi, emagatsheni aphezulu esihlahleni esikhulu kakhulu, kwakuhlala inyoni yekhethelo ngempela – inyoni eyayikwazi ukunisa imvula. Abantu babehlala benesikhathi sokugcina inyoni ithokozile. Babethatha izingcezu zezinkwa, izithelo nobisi olusha lukakhukhunathi masonto onke bakubeke phansi kwesihlahla. Omunye wabo wayedlala upiyano oludlalwa ngezithupha, inyoni yayindiza yehlele phansi ukuze idle iphuze. Uma isiqedile, yayiphakamisa amaphiko ayo aluhlaza okwesibhakabhaka akhazimulayo bese icula iculo eliminandi. Kungakapheli namizuzu emingaki, yayiqala ukuna imvula.



Imvula yayina njalo iminyaka eminingi, izitshalo zazikhula kakhulu, futhi kunokudla okuningi emzini. Kodwa izinto zaqala ukushintsha kancane kancane ... abantu basemzini baqala ukungayinaki inyoni enisa imvula. "Kuzonetha vele," kunquma bona.

Imvula nayo yayeka ukuna. Izitshalo zaqala ukufa, nezilwane zazaca futhi zababuthakathaka. Noma kunjalo akekho umuntu emzini owaya ehlathini ukuyopha ukudla inyoni eyayinisa imvula – babematasatasa bonke bezama ukuthola imali yokuthenga ukudla edolobhaneni eliseduze.

Ngelinye ilanga, uKetti waya ehlathini. Wahamba, wahamba, waze wafika esihlahleni eside okwakuhlala kusona inyoni enisa imvula. UKetti wabuka phezulu esihlahleni, ekhumbula ukuthi ugogo wakhe wayaye ahambe kanjani naye beze ehlathini bezopha inyoni ukudla. Wakhapha ucezu lwesinkwa esikhwameni sakhe walubeka phansi kwesihlahla. Njengoba wayengenalo upiyano oludlalwa ngezithupha, wacula iculo.



Kwezwakala umsindo omkhulu inyoni enisa imvula yehlela phansi yase iqala ukudla isinkwa. Uma seyiqedile, yacula amanothi ayingcwenga ambalwa yase iphakamisa amaphiko ayo akhazimulayo. UKetti wezwa ukuduma kwezulu, ngesikhathi efika ekhaya kwase kuqalile ukuna kwamathonsi amakhulu emvula.

UKetti watshela abazali bakhe ukuthi kwenzekeni. "Akusekho muntu okholelwa kuleya nyoni! Ungamosi isinkwa sakho upha leya nyoni!" kuthetha uMama.

"Ukuba uGogo ubesaphila," kucabanga uKetti, "ubezongikholwa!" Kodwa ugogo kaKetti wayeshone eminyakeni embalwa eyedlule, emshiyele upiyano lwakhe oludala oludlalwa ngezithupha.

Kwadlula amasonto amabili kungekho mvula. "Anginandaba nokuthi bathini!" kucabanga uKetti. "Sidinga imvula. Ngizopha inyoni ukudla futhi kusasa!"


Ngakho ekuseni kakhulu osukwini olulandelayo, uKetti wathatha ucezu lwesinkwa kanye nenkeshezana yamajikijolo abomvu ekhishini, waphuma endlini engabonwa muntu waya phakathi nehlathi. Akazanga ukuthi noyise wayevukile naye. Wabona ukuthi yini eyayizokwenziwa indodakazi yakhe. "Ngizofundisa le ngane engezwa isifundo!" ekhuluma yedwa ngokuthukuthela. Wahlwitha umnsalo nomabisholo wakhe walandela uKetti ngokuthula ukuya ehlathini.

Ngesikhathi inyoni indizela phansi ukuze idle ukudla uKetti ayeyibekele kona, ubaba wakhe wamisa umnsalo wakhe wase ededela umcibisholo wawo obulalayo. Umcibisholo wandiza waqonda ngqo enhliziyweni yenyoni, inyoni yakliwula ukukliwula okuvula izindlebe. Ethukile, uKetti waphenduka wabona uyise ewela phansi – eseshonile. Uthe uma ephenduka wobona umcibisholo uwa emzimbeni wenyoni ungayilimazanga. Inyoni yandizela phezulu esihlahleni.

UKetti waphuthuma ekhaya, inhliziyo yakhe ishaya ngamandla. Zonke izilwane nabo bonke abantu ayebabona endleleni babelele phansi beshonile. Ekhaya, wafika wathola ngokushesha upiyano oludlalwa ngezithupha oludala lukaninakhulu. "Leli ukuphela kwethemba enginalo!" ecabanga. "Idiniwe inyoni enisa imvula. Kumele ngiyijabulise futhi!"

UKetti wagijima wabuyela phansi kwesihlahla esikhulu. Ngeminwe evezelayo, waqala ukudlala upiyano oludlalwa ngezithupha. Wadlala, wadlala, kwaze kwaba buhlungu iminwe yakhe. Ekugcineni, inyoni yehlela phansi, yadla amajikijolo yase icula amanothi ambalwa. Kwathi ngesikhathi uKetti eqhubeka nokudlala, yaphakamisa amaphiko ayo ... UKetti wezwa okuhwashazayo ngemuva kwakhe – uyise wayesevukile! "Ngiyaxolisa!" washo ephindelela enyonini enkulu eluhlaza okwesibhakabhaka. Welulela isandla indodakazi yakhe base behamba bebuyela emzini, lapho kwase kuvuke bonke abantu nezilwane.

Izakhamuzi zasemuzini zaba nomhlangano ngalobo busuku. Zavumelana ukuthi zifunde isifundo esibaluleke kakhulu. Kanti kusukela ngalolo suku, kuba khona omunye wabo othatha uhambo olukhethekile lokuyopha ukudla inyoni enisa imvula ehlathini, masonto onke.



# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



### 1. It's all in the title!

- Look at the covers of the books that the children are reading. Can you make up a title for each of their books?

### Konke kusesihlokweni!

- Bheka amakhava ezincwadi izingane ezizifundayo. Ungakwazi ukwenza isihloko sencwadi yazo ngayinye?



Hope/uHope: \_\_\_\_\_

Neo/uNeo: \_\_\_\_\_

Priya/uPriya: \_\_\_\_\_

Bella/uBella: \_\_\_\_\_

Afrika/u-Afrika: \_\_\_\_\_

- Circle the book that you would most want to read.
- Choose one word from each of the titles you wrote down and make up the craziest title for a book that you can think of!

- Kokelezela incwadi obungathanda kakhulu ukuthi uyifunde.
- Khetha igama elilodwa esihlokweni ngasinye kozibhalile bese wenza isihloko esinokusangana ngokwedlulele ongasicabanga!

### 2. Are you a book genius? Guess the answers to the clues.

- This place has lots of books that you can borrow. \_\_\_\_\_
- These are inside a book. They have words and sometimes pictures on them. \_\_\_\_\_
- This is the person who wrote the book. \_\_\_\_\_
- These are the things that together make up words. \_\_\_\_\_
- The outside of the book is called its \_\_\_\_\_
- Another word for the name of a book is the \_\_\_\_\_



### Ngabe ungunqeqe wezincwadi? Qagela izimpendulo zezimpawu eziyizinkomba.

- Le ndawo inezincwadi eziningi ongaziboleka. \_\_\_\_\_
- Lezi zinto zingaphakathi encwadini. Zinamagama futhi ngesinye isikhathi zinezithombe. \_\_\_\_\_
- Lona ngumuntu obhale incwadi. \_\_\_\_\_
- Lezi yizinto ezihlangana ndawonye zenze amagama. \_\_\_\_\_
- Ingaphandle lencwadi libizwa ngokuthi \_\_\_\_\_ yayo.
- Elinye igama legama lencwadi yi- \_\_\_\_\_



Izimpendulo: 2. umtapo wezincwadi, amakhasi, umbhalo, izinhlamvu, ikhava, isihloko

Answers: 2. library, pages, author, letters, cover, title



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)
[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)
[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan  
IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

